**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H. CELE YOKUPHOTHULWA KWEZIFUNDO ZE-ICDL MHLAKA 13 DECEMBER 2007.**

**Ngiyanibingelela nonke**.

- Kuyintokozo ukuthi sihlangane lapha namhlanje sizohalalisa ngomsebenzi wethu emkhakheni wezobuchwepheshe. Ukuphothulwa kwezifundo zohlelo lwe-International Computers Driver's Licence (ICDL) kuyingqophamlando ekuthuthukisweni kwabasebenzi eMnyangweni wethu.

- Siyakwemukela ukubamba kwabafundi iqhaza okukhombisa impumelelo yesikhungo sethu iT$^{2}$ Training Centre ekuletheni amakhono ekhompyutha adingwa ngabaqashi kubasebenzi.

- Akuyona inhloso yami ukulokhu ngenaba ngomlando wenqubekela phambili yalo Mnyango ekweseken abantu ababencishwe amathuba phambilini, okungabasebenzi bawo kulokhu, ukuthi bathuthuke futhi babe neqhaza emnothweni waKwaZulu-Natal naseNingizimu Afrika.

- Kwakona ukuthi sibona abafundi abaningi kangaka lapha namhlanje kuchaza kona ukuthi nisebenzisa kahle amathuba okufunda alethwa yimigomo emisha ebekwa nguhulumeni wethu selokhu athatha izintambo zombuso.

- Siyazi phela ukuthi kujwayelekile ukuthi izinhlaka ezithile zishaye indiva indaba yamakhono akhona ngaphakathi. Lo Mnyango awukwazi ukusonga izandla uyekelele lokho kwenzeka ikakhulukazi kuleli lizwe elibhekene nenselelo enkulu yokulinganisa ukukhula komnotho namakhono.

- Uhulumeni wethu, ngokusebenzisa iNational Skills Development Strategy, unezinjongo eziyisithupha enye yazo okungukukhuthaza ukuba abantu baqasheke basimamise nendlela yokuphila ngokuthuthukiswa kwamakhono.

- Ukufeza le njongo, uMnyango ususabalalise izinhlelo zawo zokuthuthukiswa kwamakhono kuyona yonke imikhakha yezinhlelo zokufukula imiphakathi.  Abasebenzi boMnyango bayingxenye ebaluleke kabi ekufezeni umsebenzi esijutshelwe wona.

- Inhloso yethu ukuthuthukisa amakhono nokwenza amasu okugcina abasebenzi behleli emnyangweni ukuze uMnyango ube sesimweni sokwenza umsebenzi othunywe wona futhi ube uqhubeka nokwenza izinguquko zoMnyango. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi kungabi yilawo makhono antulekayo kuphela agqugquzelwayo ukuba atholakale, kodwa uMnyango uwagcine nalawo makhono osuvele usunawo.

- Lolu hlelo lwe-ICDL lubhekene nokuthuthukiswa kwamakhono ekhompyutha kanti luhlonishwa ezingeni lomhlaba futhi lwenza lula ukusebenzisana phakathi komqashi nomsebenzi. Kulabo abasebasha kumakhompyutha, i-ICDL iletha ulwazi oluyisisekelo lokusebenzisa ikhompyutha olwenza umuntu akwazi ukuyisebenzisa ngokuzethemba ikhompyutha. UMnyango usunqume ukuthi lolu hlelo lwe-ICDL lube yindlela yawo yokufundisa ikhompyutha.

- Sengiphetha, kuyasikhuthaza ukuthi ngenxa yalolu hlelo lwe-ICDL, abafundi abayikhulu sebezokuba namakhono ahlonishwayo ngokuphelele asebezokwazi ukuwasebenzisa emikhakheni abasebenza kuyona.

- Ngithanda ukubathulela isigqoko ngokuthi bathathe leli thuba lokuzitholela amakhono nolwazi oluzobenza bakwazi ukuzibhekela ikusasa labo.

- Ekugcineni, masihambe siyozijabulisa ngokuzinakekela ngala maholide kaKhisimusi. Ukuphela konyaka makungasho ukuphela kwezimpilo zethu. YENZA OKUFANELE. PHILA UPHILISE NABANYE.

**NGIYABONGA.**